

You have Downloaded, yet Another Great Resource to assist you with your Studies ☺

Thank You for Supporting SA Exam Papers

Your Leading Past Year Exam Paper Resource Portal

Visit us @ www.saexampapers.co.za

SA EXAM PAPERS

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

FEBRUWARI/MASHI 2018

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayisi-7.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Indaba	(50)
ISIQEPHU B:	Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPHU C:	Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/Uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.

6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A:	Amaminithi angama-80
ISIQEPHU B:	Amaminithi angama-40
ISIQEPHU C:	Amaminithi angama-30

8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.

9. Nikeza impendulo ngayinye isihloko esifanele.

10. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka/uhlelo lwendaba yakho lube sekhasini lalo lodwa.

1.1 Sengaze Ngamxolela. **[50]**

1.2 Ukulalela Kunemiphumela Emihle. **[50]**

1.3 Kubalulekile Ukuthatha Iholidi. **[50]**

1.4 Yiqiniso Yini Ukuthi Intsha Yanamuhla Iphuza Utshwala Kakhulu? **[50]**

1.5 Ubuhle Nobubi Bokusebenzisa Izithuthi Zomphakathi. **[50]**

1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.6.1



[Sicashunwe ku-www.googlepics.com] **[50]**

1.6.2

[Sicashunwe ku-www.googlepics.com] **[50]**

1.6.3

[Sicashunwe ku-www.googlepics.com] **[50]**

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 INCWADI YOMSEBENZI/ESEMTHETHWENI

Ufunde isiqeshana ebesikhuluma iphutha ngesikole/indawo yangakini ephephandabeni okuthiwa iMvelo.

Bhala incwadi eya kuMhleli wethule isikhalo ngaleli phutha elibhaliwe. **[30]**

2.2 INCWADI YOKUZICHAZA (CV) NENCWADI EYISIPHELEKEZELO (COVERING LETTER)

UNaledi Phetha oneminyaka eyi-19, ohlala ku-26 Kobusstraat, Kokstad, 3928, ophase ibanga le-11, ubone isikhangisi esilandelayo ephephandabeni Izwi Labantu langomhla wama-27 Januwari 2018:

BUZZ CALL CENTRE
ISIKHALA SOKUPHENDULA IZINGCINGO

Ofisa ukufaka isicelo salo msebenzi kufanele abe nalokhu okulandelayo:

- Imiphumela yebanga le-11.
- Ubulili besilisa noma besifazane.
- Umazisi waseNingizimu Afrika.
- Iminyaka ephakathi kweyi-18 kuya kwengama-25.
- Ubuzwe baseNingizimu Afrika.
- Okwazi ukukhuluma izilimi ezimbili.
- Ofakazi abatholakalayo uma befonelwa.

Thumela isicelo sakho kuNkk. PS Lewis (iMenenja) ingakapheli inyanga kaFebruwari 2018.
Ikheli: PO Box 1050, Kokstad, 3928.

Bhala incwadi yokuzichaza ehambisana nencwadi eyisiphelekezelo usebenzise imininingwane kaNaledi Phetha. **[30]**

2.3 **INDATSHANA YEPHEPHABHUKU**

Bhala indatshana yephephabhuku ngesihloko esithi:

Singalwa kanjani nobugebengu emphakathini? **[30]**

2.4 **INKULUMO**

Ucelwe ukuba wethule inkulumo yokugqugquzela abafundi ngokukhetha izinduna zesikole (prefects) ezifanele ngonyaka ozayo.

Bhala inkulumo ozoyethula kubafundi. **[30]**

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 **ISIMEMO**

Kufike uMfundisi BR Soni esontweni lenu, nifuna ukumema yena kanye nomndeni wakhe ukuthi azodla nani isidlo sasebusuku.

Bhala isimemo ozosithumela kuMfundisi. **[20]**

3.2 **IPHOSIKHADI**

Uvakashele eKimberly ngesikhathi samaholidi kaDisemba, ubone izindawo ezinhle ngendlela emangalisayo.

Bhalela umngani wakho iphosikhadi umxoxele ngobuhle bale ndawo. **[20]**

3.3 **IMIYALELO**

Umfowenu/Udadewenu omncane uyoqala ibanga lesi-8 esikoleni samabanga aphezulu. Kufanele abhalelwe izinto okumele azilungisele zona zonke izinsuku ngaphambi kokuya esikoleni.

Bhala imiyalelo azoyifunda ngesonto lokuqala ekuseni ukuze ajwayele izinto okumele azenze ngaphambi kokuya esikoleni. **[20]**

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 100